**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI UBHEKI CELE EMCIMBINI WOKWETHULWA KWEZINHLELO ZENTUTHUKO EMSINGA MHLAKA 17 OCTOBER 2008.**

**Ngiyanibingelela nonke.**

- UMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal utshale imali ebalelwa ku-R83 million kule minyaka emibili ezayo ukubhekana nezinselelo zengqalasizinda ku-Ward 7, Ward 8 no-Ward 9 kuMasipala waseMsinga.

- Imisebenzi esihlonziwe imi kanje:

- Lathantshawo Local Road. Lo mgwaqo ungu-7 km ubude kanti uzokwakhiwa ngemali ebalelwa ku-R4,5 million.
- Mnyanyathi Local Road ongu-5 km ubude ozokwakhiwa ngesamba sika-R3,2 million.
- Hlomela Local Road ongu-4 km ubude ozodla u-R3,1 million
- P17 Ngubevu Bridge elingu-180 m ubude emfuleni uThukela. Leli bhuloho lizokudla u-R21 million. Umsebenzi wokwaha uzoqala ngoJanuary 2009 uphele ngoJune 2010.
- Esenyane Local Road ongu-15 km ubude ozokudla u-R22 million
- Gudwini Local Road ongu-9 km ubude okulindeleke ukuthi udle u-R13 million.

- Hlolokwakhe Local Road ongu-6 km ubude ozokudla u-R9 million.
- Nombava Local Road ongu-4 km ubude ozokudla u-R6 million.

- Uma isiphothuliwe le migwaqo, imiphakathi izokwazi ukufinyelela ezikoleni, emitholampilo, esibhedlela (Church of Scotland), esiteshini samaphoyisa, ezindaweni zokulima, ezikhungweni zokuhola impesheni nezinye izindawo zosizo.

- Abagulayo nabashonile endaweni badinga ukuthwalwa ibanga elide ukuze bathole usizo. Manje amatekisi, izimoto zezidumbu nama-ambulensi sezizofinyelela kubantu abaningi.

- Ngiyajabula ukusho ukuthi enye yale mali esiyitshale lapha izokuya kosonkontileka bakaZibambele abagcina le migwaqo isesimweni. Ngonyaka wezimali ka-2008/09, sifake imali engu-R543, 150 kosonkontileka bakaZibambele abangu-1 207 lapha eMsinga. Ngonyaka wezimali ka-2009/2010 sihlose ukufaka imali engu-R663, 300 kosonkontileka abangu-1 340.

- Labo sonkontileka sebesungule amaqembu okonga, esithi ama-saving clubs, angu-35 asekwaze ukonga imali engu-R225, 631. Ngonyaka wezimali ozayo isibalo sizokwenyuka siye ku-47 wama-saving club.

- Ngenkathi sihambele umuzi nomuzi muva nje ku-Ward 8, le mindeni elandelayo itholakale ukuthi kumele ifakwe ngaphansi kohlelo lukaZibambele:

1 Umndeni waKwaShelembe ku-D 1268.
2 Umndeni waKwaMchunu ku-D 1268.
3 Umndeni waKwaDlamini ku-D1268.
4 Umndeni waKwaMvelase ku-D1268

5 Umndeni waKwaNgubane ku-D1268

- Kubuye kwatholakala nokuthi eminye yale mindeni iphethwe izingane, ezithembele komakhelwane nasezihlotsheni ukuze zithole ukuphila nezinye izidingo ezibalulekile.

- Nokho, zisakwazi ukuqhubeka nezifundo zazo ku-Grade12, kanti izifundo zazo zihlanganisa iMaths neScience – okwenze kwanomqondo wokuthi mhlambe uMnyango ungabheka ukuthi ngeke yini zisizakale ngemifundaze ukuze zithathe umkhakha we-Civil Engineering.

- Le mindeni ephethwe izingane yilena:
  1 Umndeni waKwaMchunu ophethwe uS'thembile owenza u-Grade 12.
  2 Umndeni waKwaDlamini ophethwe uSakhiseni owenza u-Grade 12.

- Sengiphetha, ngithanda ukugcizelela ukuthi uma siletha le misebenzi sikwenzela umphakathi ngaphandle kokubheka ukuthi ngowaliphi iqembu lepolitiki. Kumele siyikhiphe ipolitiki kulolu hlelo. Osonkontileka kumele baqokwe ngokubheka izinga lobuphofu emiphakathini yabo.

- Mangigcine, ngokuhalalisela umphakathi waseMsinga ngentuthuko yemigwaqo namabhuloho asebakhelwe wona nabasazokwakhelwa wona.

**Ngiyabonga.**